


Ukuhambisana

Le ncwadi ingeka:









Ukuhambisana

Illustrated by Louwrisa Blaauw

Written by Jade Mathieson

Designed by Bianca de Jong

with the help of the Book Dash participants in Johannesburg on 27 June 2015.

Translated by Robert Mchunu

ISBN: 978-1-928365-70-9

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.

No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.

Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.


No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

Ukuhambisana




Louwrisa Blaauw Bianca de Jong Jade Mathieson

Uma sizihambela selula izinyawo
futhi umgwaqo umude, sizohamba
ndawonye sicule iculo.





Mina nginawe kanti nawe unami.
Uhambo luyinjabulo nomndeni wethu.



Ngizokugcina ufudumele njengoba
kwenza isikhukhukazi. Sigcina
amatswele aso efudumele ngaphansi
kwamaphiko aso.



Uma imvula iqala ina ivela phezulu
esibhakabhakeni, njengalesiya
sigqoko esihle, mina ngizogcina
ubuso bakho bomile.






Uma amafu ezivunguvungu ecasuka
bese eqala ekhinonda futhi ebubula,
yima isibindi, ukhalelani? Awuwedwa.



Sihamba ndawonye okusho ukuthi
angeke size sibe nesizungu. Bheka
phezulu! Bheka eduzane nawe! Bona
ukuthi sesihambe kangakanani!





Uma ubona into ethile ehlekisayo
uma uyibuka,
nami angifuni ukungayiboni. Ngicela
ukuthi uyabelane nami!



Uma izinyawo zakho ziqala
ziba buhlungu ngenxa yebanga
esesilihambile, ungakhathazeki,
sesifikile! Ekugcineni, nanku-ke
umtholampilo.



Sonke sidinga ukuthi sihlolwe imiqala
yethu, amaphaphu kanye nezindlebe.
Qina njengoba ukhula nje, asikho
isizathu sokukhala.





Ngabe ucabanga ukuthi kuyethusa?
Nakhu lapha, bamba isandla sami.
Uzohlola umfutho wakho wegazi
ngaleli bhande elihlakaniphile
engalweni.





Basinika imithi yethu, basitshele lokho
okumele sikwazi, ukusigcina sonke
siphilile. Njengamanje sesiphindela
ekhaya.



Kuyinto enhle ukukhathala, ngoba
kuningi kakhulu esesikubonile.
Manje sekuyisikhathi sokuthi uye
kolala. Ulale kahle sengathi futhi
ungaphupha kahle.





